IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

32/2015 Intshumayelo ngomkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 31. 05. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe ku-Isaya 6:3, lithi: **"Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova-SAbawoti, wonke umhlaba ugcwele inkazimulo yakhe."**

1. Iculo 241/206

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Mninimandla onke ophakade, wasabela umusa wokwazi inkazimulo yobuThathwemunye bakho ngesivumo sokukholwa okuqinisekile, nangokukhonza ubunye bamandla obukhosi bakho. Mawusilondolozele kulokhu kukholwa, sikuvikele ngokumelana nakho konke okuphambene nakho ukuba wena, Baba, Ndodana, noMoya oNgcwele uphile, ubuse, unguNkulunkulu oyedwa, manje naphakade. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 6:1-13;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 11:32-36;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMath. 28:16-20.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 139/122

6. Umkhuleko Woza, Moya oNgcwele, mawusiphe izindlebe ezizwayo ukuba sizwe, usiphe amehlo abonayo umbuso wakho. Amen.

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe, kuJohane 3:1-15, lithi: "Kwakukhona umuntu wakubaFarisi, nguNikodemu igama lakhe, isikhulu sabaJuda. Lowo-ke weza kuye ebusuku, wathi kuye: Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovelé kuNkulunkulu, ngokuba akakho ongenza lezizibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye. UJesu waphendula, wathi kuye: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu. UNikodemu wathi kuye: Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe, na? Waphendula uJesu, wathi: Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni

kaNkulunkulu. Lokho okuzelwe yinyama kuyinyama; nalokho okuzelwe nguMoya kungumoya. Ungamangali ngokuba ngithé kuwe: Nimelwe ukuzalwa ngokusha. Umoya uphephetha lapha uthanda khona; uyaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona nalapho uya khona; banjalo bonke abazelwe nguMoya. UNikodemu waphendula, wathi kuye: Lokhu kungenzeka kanjani na? UJesu waphendula, wathi kuye: Wena ungumfundisi kaIsrayeli, awukwazi lokhu na? Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Sikhuluma esikwaziyo, sifakaza ngesikubonileyo; kepha anibamukeli ubufakazi bethu. Nxa nginitshelile okomhlaba, kanakholwa; ningakholwa kanjani, uma nginitshela okwasezulwini na? Akakho owenyukele ezulwini, kuphela yena owehla ezulwini, iNdodana yomuntu. Njengokuba uMose waphakamisa inyoka ehlane, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuphakanyiswa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo abe-nokuphila okuphakade." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla elithandekayo kuKristu, Nangu uNikodemu, onguRabi, ilungu lomphakathi wabaJuda, ongumkhandlu oholayo isizwe sabaJuda. UNikodemu ungumRabi omnene. Uyahlonipha uJesu, uyambiza ngegama lokuthi Rabi. UNikodemu ungxamile, akasithi lutho olwenhloso yakhe. Uza kuJesu kusihlwa ukuba akhulume naye, bangahlushwa ngumsindo ongaba khona endlini emini. Kukhona abathi waya kuJesu kusihlwa ukuba abanye bomkhandlu bangamboni.

Uyahlonipha uJesu ngokumbonga ngokusho ukuthi: "Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovelé kuNkulunkulu, ngokuba akakho ongenza lezizibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye." Kusho ukuthi wamukele ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu ngokubona ukuthi uJesu wenza izibonakaliso ezinkulu. Nansi indoda eza kuJesu ukuba uRabi munye axoxe noRabi omunye ngombuso kaNkulunkulu. Ungathi washo ukuthi: Ngiyamazi uNkulunkulu, nawe uyamazi uNkulunkulu, ake sixoxisane ukuba siphumelele ukufumana iqiniso.

Nokho uJesu wayengazami ukuzwa kuqala ukuthi uNikodemu ufunani kuye, noma uqonde-phi ngenkulumo yakhe. UJesu waqhubeka ngokuveza iqiniso elikhulu, ungathi akathandi ukuxoxisana, kodwa ukumtshela uNikodemu okudingekayo ukuba umuntu azalwe ngokusha, wathi: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu." UNikodemu wayengaqondi okwashiwo nguJesu, ngakho wabuza wathi: "Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? Angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe, na?" UNikodemu wayengaqondi ukuthi uJesu wakhuluma ngokuzalwa ngokusha

kanjani. Ukuzalwa okwaziwe nguye kwakungokuzalwa okujwayelekile ngokwemvelo yabantu, noma ngokwemvelo yezilwane njengezinkomo nezimvu.

Khona-ke uJesu waphawula ukuthi uyakhuluma ngohlobo olunye lokuzalwa, wakhuluma ngokuzalwa okusha, ngokuzalwa okuvela ngaphezulu, ukuzalwa ngamanzi nangoMoya, wathi:

"Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene embusweni kaNkulunkulu."

Lemisho emibili kaJesu iyahambelana: Umusho othi: Ukuzalwa ngokuzalwa okuvela phezulu, nomusho othi: Ukuzalwa ngamanzi nangoMoya. Ongakazalwa ngokuzalwa okuvela phezulu, ongakazalwa ngokusha ngamanzi nangoMoya uhlulekile, akwenzeki ukuba abone umbuzo kaNkulunkulu, noma ukungena kuwo.

Kodwa ukwazi lokhu okusha kungukwazi okuhle; kuthiwa ozalwa ngamanzi nangoMoya uyangena embusweni wasezulwini, ukuwubona umbuso kaNkulunkulu. Kungokumangalisayo. Ukuzalwa kanjalo ngokwesibili kuyamenza umuntu ukuba abe ngumuntu omusha. UJesu uyaqathanisa ngokukhanya okukhulu ukuba kuqondakale kahle ukuthi kuvelani ngokuzalwa ngendlela endala, nangokuzalwa ngendlela entsha, ngokuzalwa ngokwemvelo ejwayelikile, nokuzalwa ngamanzi nangoMoya, uthi: "Lokho okuzelwe yinyama kuyinyama; nalokho okuzelwe nguMoya kungumoya." Wonke umuntu ozelwe ngabazali bakhe abangabantu, umzimba wakhe, nomoya wakhe, nomphefumulo wakhe, uyinyama. Kodwa wonke umuntu ozelwe ngamanzi nangoMoya ungokaMoya.

UPawulu uthi: ngokuzalwa ngokusha umuntu uyisidalwa esisha. Ukuzalwa ngokusha kungumsebenzi kaMoya oNgcwele. Awukwazi ukungena embusweni kaJesu ngokuzinqumela nje ukuthi ngentando yakho uthanda ukungena kuwo, futhi ngeke ungene khona ngemisebenzi yakho emihle, noma ngokunye okwakho. KuJoh. 1:13 kulotshiwe ukuthi: Abantwana bakaNkulunkulu bang"abangazalwanga ngagazi, nantando yenyama, nantando yendoda, kodwa bazalwa nguNkulunkulu." Ukuzalwa okusha kukhishiwe ezandleni zakho, nasemandleni akho, ngokuba kunguNkulunkulu okwenzela ukuba uzalwe ngokusha. Nakho okushiwo ngokuzalwa kuyachaza lendaba, ngokuba akakho onamandla ukuzizala. Kungukwazi okuhle kakhulu, ngokuba konke okwenziwa nguNkulunkulu kuqinisekile, kuyinto eyikho, kuyikho okwenzeka ngakho ukuba sikwethembe okwenziwa nguye. Ngakho

akusweleki ukuba umbhapathizo uphindwe, noma nini. Unamandla njalo. Wenzeka na ukuba ulahle ifa lakho, kwenzeka na ukuba uhlukane nabakini? Yebo, kwenzeka, usuke ekhaya, uqale ukuduka ngokuzungeza ehlane, kodwa kwaziwe ukuthi abazali bakho, nabafowenu, nabo odadewenu bayakuhlala ekhaya, balangazele, balindele ukuba ubuyele ekhaya, bakwamukele ngentokozo enkulu, uma ubuya, noma uzobuyiselwa khona ngokubulawa yindlala lapha wazungeza khona. Kanjalo ngokungakholwa esikulungiselwe embhapathizweni wethu siqiniselwe ukwamukela ifa, kuyenzeka ngalo ukuba silahlekelwe indawo ekuphileni okuphakade, kodwa wazi, ukhumbule njalo ukuthi uNkulunkulu uhlezi ngokukulindela, yebo, kwenzeka ukuba akukhumbuze ngakho akuthembisele embhapathizweni wakho ukuba ubuyele ekhaya ebandleni. UNkulunkulu unakakele, uyakulandela ngomusa wakhe, ukuba ukhunjuzwe ukuthi ngokwempela ungumntwanakhe, ubhapathiziwe egameni lakhe.

Ake sibuyele kuNikodemu! UJesu wayesethi kuye: "Ningamangali ngokuba ngithè kuwe: (nina) nimelwe ukuzalwa ngokusha." Washo ukuthi lokhu kuzalwa okusha kudingekile ukuba nani, Bafarisi, nani, bantu nonke, enizisho ukuthi nilungile, noma nithi anisweli ukubhapathizwa, manizwe nonke ukuthi ukuzalwa ngokusha kudingekile, yebo nakubo abaFarisi ababesho ukuthi bayamazi uNkulunkulu, nemilando elotshiwe eTestamente elidala, ababezibonga ngokuthi bayinzalo kaAbarahama. UJesu wayesethi nakubo ukuthi kudingekile ukuba umuntu azalwe ngokusha. UNikodemu wabuza umbuzo ojwayelekile, wabuza wathi: Kungenzeka kanjani? Wayengazi impendulo, UJesu wayesethi kuye: "Wena ungumfundisi kaIsrayeli, awukwazi lokhu na?"

UJesu waqhubeka ngokuqinisa okunye, wathi: "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Sikhuluma esikwaziyo, sifakaza ngesikubonileyo; kepha anibamukeli ubufakazi bethu." UJesu uthini la, usho obani abakhulumayo, abafakazayo ngakho abakubonile?

KuJoh. 1:33-34 simuzwa uJohane uMbhapathizi esho ukuthi: "Nami bengingamazi, kodwa owangithuma ukubhapathiza ngamanzi wathi kimi: Lowo oyakubona uMoya ehla ahlale phezu kwakhe, nguyena obhapathiza ngoMoya oNgcwele. Mina ngibonile, ngafakaza ukuthi: Lo uyiNdodana kaNkulunkulu." Kwenzekile eMbhapathizweni kaJesu. Yiyo indaba engamukelwanga ngabaFarisi, ngisho umbhapathizo uJohane abhapathize ngawo, babengakholwa ukuthi wavela kuNkulunkulu. Kanjalo-ke babengamukeli uMbhapathizo kaJesu. Akamtshelanga uNikodemu ukuthi uyambula nokufakaza ukuthi uJesu ungubani.

UJesu wakhuluma ngezenzo zakhe. Siyazi ukuthi kungumbhapathizo omfakazelayo ukuthi uyiNdodana yomuntu egqotshiweyo, uMesiyah othenjisiweyo.

Owala ukwamukela ubufakazi ngombhapathizo kaJohane akamukeli nobufakazi ngombhapathizo kaJesu, uyaphika nakho konke uJesu akuthunyelwe, owathunywa ukusindisa abantu bezwe lonke ukuba bamukelwe ukuba ngabantwana bakaNkulunkulu ngokubhapathizwa. Kulula kubantwana ukwamukela lesipho kunokuNikodemu, ngoba uNikodemu wayeselandela umqondo wesidukiso ngoNkulunkulu nombuso wakhe ngokuhlakanipha kwakhe. Yikho okwenzile ukuba uJesu amise uNikodemu ukuba eme acabange ngezwi elikhulunyiwe nguye uJesu, amkhombise ukuthi akakazi lutho lweqiniso lombuso kaNkulunkulu. Wayengamazi uNkulunkulu, noma ecabangile ukuthi uyamazi impela. Wayengakaqondi ukuthi ngokufika kukaKristu kufikile umbuso kaNkulunkulu. Wabona umzimba kaKristu, kodwa wayengakaqondi ukuthi ngokwempela ungubani. Wayesabambelela esidukisweni esafiphaza izithembiso zeTestamente elidala. Ngokuhamba kwesikhathi siyezwa ukuthi umqondo wakhe wawuguquka. (Bheka Joh. 7:50-53, nakuJoh. 19:39-42.)

Kusekhona okukodwa esimelwe ukuqaphela ekugcineni. KuJoh. 1:12 kulotshiwe ukuthi: "Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba **babe-ngabantwana bakaNkulunkulu**, labo abakholwa egameni lakhe."

Kulendawo uyakukhuluma ngokuba abantwana. Lamazwi awamelani neqiniso elithi: Sesingabantwna bakaNkulunkulu. Siyakuba yikho esiyikho. Okusho ukuthi siqhubeka ngokukhula njengomfana okhula abe yindoda, futhi indoda iyaqhubeka ngokukhula ibe yikhehla, nesixegu. Umbhapathizo awugcini osukwini esibhapathizwa ngawo, kodwa sibekiwe endleni yokubulala umuntu omdala, ukuba omusha avele ngosuku nangosuku, akhule ekwazini intando kaNkulunkulu nasekulandeleni uKristu, kukhululwe izingubo ezindala zomuntu omdala, noma zikaAdamu omdala, umuntu omusha ahlotshiswe njalo ngokusha ngokulunga kukaKristu, kuyakwenzeka ngokuzwa izwi likaNkulunkuu, nokulifunda njalo ngentokozo eyandayo ngokuthethelelwa kakhulu imihla ngemihla kanye namakholwa onke. Njalo kuyadingeka ukuba sikhunjuzwe ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu ukuba siqhubeke ukuhamba nokuphila njengabantwana bakaNkulunkulu. Kuyadingeka ukuba sizwe, sikhumbule ivangeli imihla ngemihla, siqhubeke ukwethanda imiyalelo kaNkulunkulu, namasu omusa, nokwamukela ngokuvama umzimba negazi likaKristu. Kanjalo siyalulekwa

ngokuphinda nokuphinda ukuzwa ukuthi simelwe ukukhuleka, nokudumisa, nokubonga uNkulunkulu ngenxa yezipho zakhe ngenxa yokusiphatha njalo ngomusa.

Umbhapathizo ungukuqala kwempilo entsha yokuphila phambi kukaNkulunkulu, ngokuhlala embusweni kaKristu, simkhonze njalo ngokulunga nangobungcwele. Kanti sineNkosi entsha, sihlengiwe emandleni kaSathane, sibe sihlangane noKristu njalo, sihlukane nakho konke okwesono, nokukaSathane. Kanjalo impilo entsha kanye noJesu iyimpi esabekayo ukulwa nesifiso esibi, Nokho ngokuqiniselwa ukuthi kukho konke sisehlangothini wakho ongumQobi wesono, nokufa, noSathane, LoMqobi uyasisekela, uyasisukumisa, uma siwele utweni lwesono, uyasikhipha futhi khona ukusithwala emahlombeni akhe ukusiyisa ekhaya, ngokuhlambulula unembeza wethu ongcolisiwe ukuba simiswe phambi kukaBaba osezulwini sembathisiwe ngokulunga kweNdodana yakhe. UMsindisi wethu uthanda ukusiqinisela kulelithemba ngokusambulela njalo ngokusha ukuthi sinoBaba osezulwini osithanda kangaka, ongathandi ukuba sibhubhe, kodwa sibe nokuphila okuphakade. Ngakho lokhu sisukume njalo ukukhuleka kuNkulunkulu simdumise onguBaba neNdodana noMoya oNgcwele, uMdali, uMsindisi noMgcwelisi wethu. Amen.

9. **Umkhuleko:** "Yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizikulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen." Ef. 3:20-21. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 237/202

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. H. Schnackenberg

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.